- (a) umnikazi wedivayisi ephathwayo ubhaliswe ohlelweni njengengxenye yesivumelwano okukhulunywe ngaso kumthethonqubo 18;
- (b) umnimoto noma umshayeli ubhala phansi ukuthi idivayisi ephathwayo ezosetshenziswa ithobela i-RICA kanye ne-ECA futhi ingeyomshayeli obhalisiwe noma umnimoto ongene esivumelwaneni nomhlinzeki wenkundla ye-e-hailing;

- (c) umgibeli unocingo oluphathwayo oluzosetshenziswa nguye ukuze adumise isevisi ngocingo oluthobela i-RICA kanye ne-ECA futhi lowo mgibeli ubhalise nomnikezeli wenkundla ngokufaka inombolo yakhe kamazisi noma inombolo yepasipoti kanye nekheli lapho uhlala khona, futhi
- (d) umninito ungumnikazi welayisensi yokuthutha ekhishwe yisigungu sokulawulwa kwezokuthutha semisebenzi yokuthutha ye-e-hailing njengoba kudingwa uMthetho kanye nale mithethonqubo.

Ukumiswa noma ukukhanselwa kokufinyelela enkundleni ye-e-hailing

21. (1) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing angamisa noma akhansela ukufinyelela enkundleni ye-e-hailing komnini-moto kanye nomshayeli kamnini-moto ngokushesha nje lapho eqaphela ukungahambisani kwabo nemibandela yokufinyelela, inqobo nje uma eqala ngokunikeza isaziso senhloso yakhe yokumisa noma ukukhansela lokho kufinyelela, enikeza izizathu zokumiswa noma ukukhansela okuhlosiwe futhi ebiza umninito ukuba abonise isizathu sokuthi kungani ukufinyelela kungafanele kumiswe noma kuhoxiswe.

(2) Lowo mhlinzeki wenkundla kufanele anikeze isaziso salokho kumiswa noma ukwesulwa kanye nezizathu esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha esanikeza umninito ilayisensi yokuthutha ngokushesha okukhulu, kodwa kungakapheli amahora angama-48 ngemva kwalokho kumiswa noma ukukhanselwa ngomlayezo wedatha.

(3) Lapho umninito emisiwe noma ekhanselwe yizo zonke izinkundla ze-e-hailing, lowo mnini-moto kufanele azise isigungu sokulawulwa kwezokuthutha ekhiphe ilayisense yokuthutha futhi ayeke ukusebenza kuze kube yilapho sekubuyisiwe ukufinyelela futhi kufanele anikeze ilayisense yokuthutha esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha kungakapheli amahora angama-48 ngemva kokumiswa noma ukukhanselwa kuze kube yilapho ukufinyelela sekubuyisiwe.

Ukusetshenziswa kwabahlinzeki benkundla ye-e-hailing abangaphezu koyedwa

22. (1) Umninito angaba nezivumelwano nabahlinzeki benkundla ye-e-hailing abangaphezu koyedwa ngesikhathi esisodwa.

(2) Lapho ebhalisa nomhlinzeki omusha wenkundla ye-e-hailing, umninito kufanele azise isigungu sokulawulwa kwezokuthutha esikhiphe ilayisense yokuthutha ye-e-hailing ngokubhala engakapheli amahora angama-48 ebhalisiwe.

Izimfuneko ezincane zesigungu sokulawulwa kwezomthetho ukuze sinikeze ilayisense yokuthutha ye-e-hailing

23. (1) Umfakisiselo ofaka isicelo selayisensi yokuthutha ye-e-hailing kumele agcwalise Ifomu 1B elihambisana neMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009 futhi akhokhe imali yokufaka isicelo eshiwo kuleyo Mithetho.

(2) Ngaphezu kwanoma yimiphi eminye imibhalo engadingeka ngokweMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009, umfakisiselo kufanele futhi alethe ikhophi yesivumelwano esayiniwe noma imigomo nemibandela eyamukelwe ngumfakisiselo kumhlinzeki wenkundla ye-e-hailing, ehambisana nezidingo ezisohlwini lomthetho 18.

Izimfuneko ezincane zezinto zikagesi ezisetshenziselwa imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing

24. Akukho mshini ongasetshenziswa ekuhlinzekeni imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing ngumhlinzeki wenkunga ye-e-hailing, umnimoto, umshayeli noma umsebenzisi ngaphandle uma-

- (a) iwuhlobo olugunyazwe ngokwama-*Type Approval Regulations*, ka-2013, lapho kudingeka khona;
- (b) isetshenziswa ngokuhambisana ne-RICA, futhi
- (c) ibhaliswe kumhlinzeki wenkundla ye-e-hailing, umnimoto, umshayeli nomsebenzisi, futhi
- (d) ukubhaliswa kwe-RICA kuhambisana nesigaba 39 se-RICA.

Irisidi ye-Elektronikhi yabagibeli

25. (1) Umnimoto kufanele anikeze irisidi ye-elektronikhi wonke umgibeli osebenzisa imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing.

(2) Irisidi ye-elektronikhi kufanele ibonise okungenani iminingwane elandelayo:

- (a) Igama nekheli lebhizinisi lomnini-moto;
- (b) Inombolo yelayisensi yokuthutha ekhishelwe imoto ehambisa umsebenzisi;
- (c) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing esetshenziselwa isevisi;
- (d) Indawo yokusuka neyokuphela kanye nenani elikhokhelwe uhambo;
- (e) Usuku nesikhathi irisidi ekhishwe ngaso esihambisana nesikhathi sokugibela somsebenzisi;
- (f) Igama lomshayeli, kanye
- (g) Nokwakhiwa, imodeli kanye nenombolo yokubhalisa yemoto esetshenziselwa uhambo.

(3) Ngezinhliso zalo mthetho, ukukhishwa kuhlenganisa noma yiluphi uhlobo lokuxhumana nge-elektronikhi olufinyeleleka kumgibeli noma umhleli wokugibela lapho irisidi ye-elektronikhi ingatholwa.

(4) Umninimoto owehluleka ukukhipha irisidi ye-elektronikhi ngokwalo mthetho wenza icala.

Ukumaka kanye nokufaka uphawu lwezimoto ezisetshenziselwa imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing

26. (1) Imoto esetshenziselwa imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing kufanele imakwe ngemininingwane ephelile yomnini-moto, okuhlenganisa igama nekheli lebhizinisi nhlangothi zombili zezicabha zangaphambili ngaso sonke isikhathi ngenkathi ihlinzeka ngemisebenzi yokuthutha.

(2) inombolo yocingo noma yeselula yomnini-moto noma inkampani yokuphatha, uma imisebenzi iphethwe ngenkampani yokuphatha, kufanele ifakwe eminininingwaneni.

(3) inombolo yocingo noma yeselula ebhalwe emotweni kufanele isebenze ngaso sonke isikhathi uma kunikezwa isevisi.

(4) Ngokuya ngokwalo mthetho, imoto ingafakwa uphawu ngokwezidingo zomnini-moto.

(5) Naphezu kwemihlinzeko yesigaba 50(2) soMthetho, imoto esetshenziselwa ukuthutha nge-e-hailing angeke ifakwe uphawu lweminye imisebenzi ngenkathi isetshenziselwa imisebenzi yokuthutha ye-e-hailing.

Izaziso zesigungu sokulawulwa kwezokuthutha kanye nesiphathimandla sokuhlela eziya kumhlinzeki wenkundla ye-e-hailing

27. (1) Isigungu Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke, isigungu sesifundazwe noma isiphathimandla esihlelayo singakhipha isaziso kumhlinzeki wenkundla ye-e-hailing ngaphansi kwalezi zimo ezilandelayo:

- (a) Ukucela amarekhodi aphaathelene nanoma yimuphi umnini-moto onelayisensi nalowo mhlinzeki wenkundla ye-e-hailing nokusebenzisa umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing othintekayo;
- (b) Ukucela noma yiluphi ulwazi oludingekayo ngezinhliso zokuhlela ezokuthutha;
- (c) Ukucela noma yiluphi olunye ulwazi noma impendulo evela kunoma yimuphi umbuzo lapho umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing ebandakanyeka;
- (d) Esimeni lapho kukhona ukwepulwa koMthetho noma le mithethonqubo noma izimo zelayisensi eziphathelene nomnini-moto onelayisensi esebenzisa umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing, noma

(e) Noma yiluphi olunye udaba iSigungu Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke, isigungu sesifundazwe noma isiphathimandla esihlelayo esilubona lufanelekile ngokwezinhloso zamandla nemisebenzi yaso ngokoMthetho.

(2) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing owehluleka ukuhlinzeka ngolwazi oludingekayo ngokomthethonqubo (1) wenza icala.

Amalungiselelo esikhashana nawokugcina

28. (1) Noma iyiphi ilayisense yokuthutha ekhishelwe ukuthutha nge-e-hailing ngaphambi kokuqala ukusebenza kwale mithethonqubo ihlala isebenza ngokuhambisana nomthethonqubo 14.

(2) Isicelo selayisensi yokuthutha nge-e-hailing esiphambi kwesigungu sokulawulwa kwezokuthutha lapho iqala ukusebenza le mithethonqubo kufanele siphothulwe ngokuhambisana nale mithethonqubo.

(3) Umninimoto osebenzisa inkundla ye-e-hailing engabhalisiwe Esigungwini Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke ngeke anikezwe ilayisensi yokuthutha nge-e-hailing.

(4) Umhlinzeki wenkundla ye-e-hailing ophinde abe ngumninimoto ungaphansi kwayo yonke imihlinzekho yoMthetho kanye nale mithethonqubo esebenza kubanini-zimoto.

ISAHLUKO 3: IMITHETHO YOKUGUQULWA KWAMAPHEMITHI KANYE NAMALAYISENSI OKUTHUTHA ANGENAMKHAWULO ABE AMALAYISENSI ADINGWA UMTHEMHO.

Izincazelo zeSahluko 3

29. Kulesi Sahluko, ngaphandle uma ingqikithi isho okuhlukile, noma yiliphi igama noma isisho esinikezwe incazelo eMthethweni noma kumthethonqubo 1, sinencazelo efanayo, futhi le nkulumo elandelayo inencazelo enikezwe yona:

“ilayisensi yokuthutha eguqulwayo” kushiwo ilayisense yokuthutha ehlongozwe esigabeni 47(1) soMthetho eyakhishwa ngokwe-*Transition Act* isikhathi esingenamkhawulo noma isikhathi esingaphezu kweminyaka eyisikhombisa.

Ukusetshenziswa kweSahluko 3

30. Lesi Sahluko sisebenza kubo bonke abanikazi bamaphemithi namalayisense okuthutha okufanele aguqulwe, nakubantu abaqhuba izimoto ezihambisa abagibeli ukuze bathole umvuzo ngaphandle kwamalayisensi okuthutha, lapho kudingeka khona ukuthi babe namalayisense okuthutha ngokoMthetho.

C ukuguqulwa kwamaphemithi namalayisense okuthutha abe amalayisense okuthutha esikhathi esinqunyiwe

31. (1) Njengoba kudingwa isigaba 47 soMthetho, bonke abanikazi bamaphemithi namalayisense okuthutha aguqulwayo kufanele bafake izicelo zokuguqulwa kwalawo maphemithi namalayisense okuthutha abe amalayisensi okuthutha esikhathi esinqunyiwe, futhi kufanele bakwenze lokho zingakapheli izinyanga ezingama-24 iqalile ukusebenza le mithethonqubo.

(2) Isicelo sokuguqulwa kufanele senziwe esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha esifanele ngokugcwalisa ifomu elibekwe kuMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009.

(3) Umfakisicelo sokuguqulwa kumele ngabe ubehlinzeka ngemisebenzi yokuthutha egunyazwe yiphemithi noma ilayisense yokuthutha yokuguqulwa, ngokuqhubekayo izinsuku eziyi-180 njengoba kudingwa ngokwesigaba 47(3) soMthetho.

(4) Umfakisicelo kumele ahlinzeke ngobufakazi bokuthi usebenze ngokuqhubekayo njengoba kudingwa esigatshaneni somthethonqubo (3) ngendlela egculisa isigungu sokulawulwa kwezokuthutha, njengoba kuhlangozwe esigatshaneni somthethonqubo (5).

(5) Indlela yokuqinisekisa ukusebenza okuqhubekayo kwezinsuku eziyi-180 izoba ngokubona kwesigungu sokulawulwa kwezokuthutha okwenziwa kuso isicelo futhi ingabandakanya ubufakazi obuhlinzekwe abaphathi bamarenki, amarekhodi okuqashwa kwabashayeli kanye namarekhodi esevisi yemoto, izitatimende zasebhangwe ezibonisa imali efakwa njalo, amarekhodi ehlangano nanoma yimaphi amanye amarekhodi asebenzayo, okungenzeka, uma ebhekwa ehlangene, aphakamise ubufakazi obanele bokuthi ukuguqulwa kuyadingeka: lokhu okungenhla akuhloselwe ukuba kuphelele futhi izindlela ezahlukene zemisebenzi yokuthutha umphakathi ingakwazi ukunikeza ubufakazi obuhlukile ngokusekelwe endleleni ezisebenza ngayo.

(6) Iphemithi noma ilayisense yokuthutha efunwa ukuguqulwa kumele ixhumaniseke nemoto okuyo umnikazi welayisensi yokuthutha ubhaliswe njengomnikazi noma njengomini-moto ngokoMthetho Kazwelonke Wokuhamba

Kwezimoto Emgwaqeni njengoba kudingwa esigabeni 64(1) soMthetho, futhi usetshenziselwe ukuhlinzeka ngemisebenzi egunyazwe yileyo phemithi noma ilayisense isikhathi esincane esiyizinsuku eziyi-180 ngaphambi kokufakwa kwesicelo sokuguqulwa.

(7) Iphemithi noma ilayisense yokuthutha engakwazi ukuxhumaniseka nemoto njengoba kudingekile ngokomthethonqubo (6) angeke iguqulwe ibe yilayisensi yokuthutha.

Ukugunyazwa kwabantu abafanelekile abangenawo amaphemithi noma amalayisense okuthutha

32. (1) Abantu abakade benza imisebenzi yokuthutha umphakathi bengenawo amaphemithi adingekayo noma ilayisense yokuthutha futhi abafaneleka ngokwesigatshana somthethonqubo (4) bangafaka izicelo zamalayisense okuthutha ukuze bathuthe ngokusemthethweni.

(2) Izigungu zokulawulwa kwezokuthutha kufanele zikhiphe izimemo ngesaziso noma izaziso emaphephandabeni azungeza endaweni efanele nangokubeka izaziso emahhovisi azo nasemarenki ezithuthi zomphakathi ezifanele noma ezikhumulweni kanye nakusizindalwazi sesigungu esifanele, kubantu abebesebenza ngaphandle kwamaphemithi noma amalayisensi okuthutha ukuze bafake izicelo zamalayisensi adingekayo njengezicelo ezikhethekile ngokwalo mthethonqubo.

(3) Izimemo ezihlongozwe esigatshaneni somthethonqubo (2) kufanele zibe ezesikhathi esingeqile ezinsukwini ezingama-90 ukuze abafakizicelo bafake izicelo zamalayisense okuthutha.

(4) Abafakizicelo zokuba semthethweni ngokwalo mthethonqubo kumele banikeze ubufakazi esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha ukuthi bebehlinzeka ngemisebenzi yezokuthutha umphakathi efanelekile isikhathi esingekho ngaphansi kwezinsuku eziyi-180 ngaphambi kokufakwa kwesicelo okuhlanganisa neminingwane yemoto noma yezimoto ezike zasetshenziswa ukuhlinzeka ngemisebenzi yokuthutha futhi ababhaliswe njengomnikazi noma umnimumoto ngokoMthetho Kazwelonke Wezokuthutha Emgwaqeni.

(5) Imininingwane ehlongozwe kumthethonqubo 31(5) ingahlinzekwa njengobufakazi bokuthi umfakizicelo ubesebenza njengoba kudingwa esigatshaneni somthethonqubo (4).

(6) Isicelo kumele sicutshungulwe ngokwemibandela yoMthetho kanye neMithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009 mayelana nohlobo lomsebenzi wokuthutha isicelo esimayelana nawo futhi uMnyango ungakhipha amanothi okuzijwayeza noma imihlahlandlela ukuqondisa izinhlaka ezilawulayo mayelana nalokhu.

(7) Esimeni sohlobo lokuthutha ngetekisi, isicelo sokugunyazwa singenziwa kuphela uma umfakisisicelo eyilungu lenhlangano eyayibhaliswe okwesikhashana noma ngokugcwele ngokwe-*Transition Act* noma umthetho wesifundazwe, futhi okwemizila ebhaliswe kanjalo kuphela.

(8) Lapho kucutshungulwa izicelo zamalayisense okuthutha ngokwalo mthethonqubo, isigungu sokulawulwa kwezokuthutha singacabangela iqiniso lokuthi isicelo esifanayo somfakisisicelo sike sanqatshwa ngaphambilini yinoma yisiphi isigungu sokulawulwa kwezokuthutha noma savinjwa nganoma iyiphi indlela esikhathini esidlule ngokwezinqubo ezikhethekile zokwenza kube semthethweni ezihlongozwe esigabeni 41 se-*Transition Act*, noma nanoma iyiphi inqubo efanayo ehlinzekwe kumthetho wesifundazwe.

ISAHLUKO 4: UKUMISWA KWEZICELO ZAMALAYISENSI OKUTHUTHA EMISEBENZI YOKUTHUTHA ENGENASIVUMELWANO

Ukuphoqelela ukumiswa kwezicelo zamalayisense okuthutha emisebenzi yokuthutha engenasivumelwano

33. (1) Isiphathimandla esihlelayo esihlose ukunquma ukumiswa kwezicelo zamalayisensi okuthutha noma ukukhishwa kwamalayisensi okuthutha ngokwesigaba 39(1)(*b*) esifundwa nesigaba 55(3) soMthetho kufanele-

- (a) senze ucwaningo kumzila noma emizileni noma emhubheni noma endaweni okuhloswe ukuthi kumiswe kuyo, okumele ihlanganise uhlu lwabo bonke abaninizimoto nezimoto ezisebenza emzileni noma emizileni noma emhubheni noma endaweni ehlinzeka ngemisebenzi yokuthutha umphakathi engenasivumelwano, okuhlanganisa imininingwane yamalayisensi okuthutha agunyaza leyo misebenzi yokuthutha, uhlu lwezimoto elenza leyo misebenzi yokuthutha ngaphandle kwamalayisensi okuthutha, amagama ezinhlangano abanini-moto abangamalungu azo kanye nanoma yiluphi olunye ulwazi olubalulekile isiphathimandla esihlelayo esingase silucabange ngokuhambisana noMthetho: Kuncike ekutheni ucwaningo olunjalo ayidingeki uma isiphathimandla esihlelayo sine-ITP yamanje esivele iqukethe ulwazi oludingekayo;
- (b) sihlanganise uhlu lwabasebenzisi abasebenza ngokusemthethweni emzileni noma emizileni noma emhubheni noma endaweni;
- (c) sithintane nabanini-moto abahlongozwe endimeni (*b*) nabameleli babo, u-MEC kanye nesigungu sokulawulwa kwezokuthutha esinesibophu sokubanikeza amalayisensi okuthutha;
- (d) sithobeke yonke imithetho yohulumeni wasekhaya mayelana nokubonisana nomphakathi, ngezinga elidingekayo ekufikeni nasekuthatheni isinqumo sokumemezela ukumiswa;
- (e) sicele usizo luka-MEC noma uNgqongqoshe lapho sibone khona isidingo sokumisa okwesikhashana kodwa singenayo i-ITP efanele noma izimali zokwenza ucwaningo ngokwendima (*a*), kanye
- (f) ngemva kokubonisana ngokwendima (*c*) senze isinqumo okufanele sidluliselwe kubo bonke ababambiqhaza okuxoxiswene nabo ngencwadi ebhaliwe noma ngesaziso kuGazethi.

(2) Iziphathimandla ezihlelayo esifundazweni zingangena esivumelwaneni nesifundazwe ngokwesigaba 12(1) soMthetho ukuze kuhlinzekelwe isimemezelo sesifundazwe sokumiswa.

(3) Lapho isifundazwe sithatha isibophu sokumemezela ukumiswa njengoba kuhlongozwe esigatshaneni somthethonqubo (2), ucwaningo nezinqubo zokubonisana zingenziwa yisifundazwe egameni leziphathimandla ezihlelayo eziyingxenywe yesivumelwano sesigaba 12(1).

(4) Ukumiswa kufanele kumenyezelwe isikhathi esinqunyiwe esingeqile eminyakeni emibili ngesikhathi.

(5) Ukumiswa okumenyezelwe kunganwetshwa kanye isikhathi esingeqile onyakeni owodwa ngaphandle kokulandela izinqubo ezihlinzekwe esigatshaneni somthethonqubo (1)(a) no-(c) , ngemva kwalokho lezo zinqubo kufanele zenziwe ukuze kuqhutshwe nokunwetshwa kokumiswa.

Umthelela wokumiswa kwezicelo ezisalindile zamalaysense okuthutha

34. Lapho ukumiswa kunqunywa ngokwalesi Sahluko, izicelo zamalaysense okuthutha ezisalindile esigungwini sokulawulwa kwezokuthutha ngosuku lokuqala lokumiswa kufanele zicutshungulwe/zenziwe yisigungu sokulawulwa kwezokuthutha, futhi uma isicelo sivunyiwe ilaysense yokuthutha efanele kufanele ikhishwe ngaphezu kokumiswa okukhona.

Isimemo sezicelo zamalaysense okuthutha ngesikhathi sokumiswa ngaphansi kwezimo ezikhethekile

35. Naphezu kokuba khona kwesimiso sokumisa, isiphathimandla esihlelayo singamema izicelo zamalaysense okuthutha lapho ukuthuthukiswa okusha noma ezinye izimo ezishintshile zidinga imisebenzi yokuthutha umphakathi ngesikhathi sokumiswa.

ISAHLUKO 5: IMIHLINZEKO EJWAYELEKILE

Ukuphungula imisebenzi yokuthutha

36. Ekuphunguleni imisebenzi yokuthutha emzileni ngokwesigaba 39 soMthetho isiphathimandla esihlelayo kufanele-

- (a) eenze ucwaningo emzileni ukuze sihlanganise uhlu, ngangokunokwenzeka, lwabaninizimoto abahlinzeka ngemisebenzi yokuthutha emzileni, kanye nohlu lwezinhlangano ezimele labo banini-zimoto, uma lolu lwazi lungatholakali ku-ITP noma kuma-ITP afanele;
- (b) sithole futhi senze uhlu lwezinhlangano ezimele abagibeli abahanjiswayo emzileni, kuhlenganisa nalezo ezimele izinhlobo zabagibeli abaphokophelwe;
- (c) sixhumane nabaninizimoto, izinhlangano ezihlonziwe futhi ezisohlwini ngaphansi kwezigaba (a) kanye no-(b) ngokuphungulwa okuhlongozwayo;
- (d) sixhumane futhi, lapho kufaneleka, senze isivumelwano neziphathimandla zokugcinwa komthetho ngokwesigaba 85(2) soMthetho ukuze sihlonze futhi

sishushise abaninizimoto abasebenzisa umzila ngaphandle kwamalayisensi okuthutha adingekayo noma amaphemithi, noma ngokungahambisani nemibandela yalawo malayisensi noma amaphemithi, futhi sithathe izinyathelo ngokubonisana nesigungu sokulawulwa kwezokuthutha ukuqinisekisa ukuthi abaninizimoto bayawathola amalayisense okuthutha adingekayo emzileni noma emzileni noma bayayeka ukusebenza emzileni.

- (e) lapho kufaneleke khona siyale isigungu sokulawulwa kwezokuthutha ukuba simise izicelo ezintsha zamalayisensi okuthutha emzileni ofanele ngokwesigaba 55(3) soMthetho.

Amacala nezijeziso

37. (1) Umninizimoto-

- (a) ophula umthethonqubo 14(6);
- (b) ohluleka ukwazisa isigungu sokulawulwa kwezokuthutha lapho ukufinyelela kumhlinzeki wenkundla kumisiwe noma kukhanseliwe ngokomthethonqubo 21(3), noma
- (c) ohluleka ukukhipha irisidi ye-elektronikhi yemisebenzi yokuthutha ye-e-hailing ehambisana nomthethonqubo 25, wenza icala.

(2) Umhlinzeki wenkundla owehluleka ukuthobela isicelo ngaphansi komthethonqubo 27 wenza icala.

(3) Noma yimuphi umuntu owephula umthethonqubo 15(7) wenza icala.

(4) Umuntu owenza icala elihlongozwe esigatshaneni somthethonqubo (1), (2) noma (3) uma etholakala enecala uyohlawuliswa inhlawulo engeqile ku-R100 000.

38. Ukuchitshiyelwa Kwemithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009

Ngakho-ke Imithetho Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2009 ichitshiyelwa -

- (a) ngokwengeza le mithethonqubo emincane elandelayo kumthethonqubo 30 ngemuva komtheshwananqubo (5):

“(6) Imininingwane yesicelo sokugunyazwa esishicilelwe ngokwesigaba 81(2A) soMthetho kufanele ifake—

- (a) igama nekheli lebhizinisi noma amakheli, futhi uma likhona, igama lokuhweba noma amagama, komfakisisicelo;

(b) imininingwane yezimoto zomfakisicelo efakelwa isicelo kanye kanye samalayisensi okuthutha ngokomthethonqubo (7), kanye

(c) nencazelo yemisebenzi yokuthutha izivakashi ehlinzekiwe noma ehlongozwa ukuba ihlinzekwe ngumfakisicelo njengoba kucacisiwe esicelweni sokugunyazwa.

(7) Isicelo sokugunyazwa ngokwesigatshana somthethonqubo (1) kumele sihlanganise nezicelo zamalayisense okuthutha ezimoto ezisetshenziswayo noma ezizosetshenziswa umfakisicelo ukuhlinzeka ngemisebenzi yokuthutha izivakashi efanale lapho lawo malayisensi engakatholakali."

(b) ngokubhala kabusha isigaba sesithathu sesigatshana somthethonqubo 34A(1) njengendima (c) bese sifaka amagama athi "Ifomu 5AA" kuleso sigatshana somthetho igama elithi "Ifomu 1A";

(c) ngokususa amagama athi "njengoba kuhlongozwe kumthethonqubo 35A(1)" kumthethonqubo 35(1);

(d) ngokufaka esikhundleni samagama "Ifomu 5AA" esigatshaneni somthethonqubo 35(2) amagama athi "Ifomu 1A";

(e) ngokufaka esikhundleni somtheshwananqubo 36(1) lokhu okulandelayo:

(1) Lapho i-NPTR iphasise imoto yokuthutha izivakashi ngokwesigaba 84 soMthetho kanye nomthethonqubo 35 yomnini-moto ogunyazwe ngokwesigaba 81 soMthetho, lowo mnini-moto ogunyaziwe kufanele afake isicelo selayisensi yokuthutha yaleyo moto ukuze ithuthe izivakashi njengoba kuhlongozwe kumthethonqubo 35, ngokugcwalisa iFomu 1A. **[5AA]** kuSheduli 1, futhi lapho umnini-moto eke wagunyazwa ngaphambilini, leso sicelo ngeke kudingeke ukuthi sishicilelwe ngokwesigaba 59 soMthetho ."

(f) ngokususa Ifomu 5AA kanye nereferensi yalo Ohlwini Lwamafomu;

(g) ngokushintsha amafomu 1A no-1B kufakwe amafomu anamathiselwe;

(h) ngokufaka iFomu 9A elinamathiselwe njengefomu elisha;

Isihloko esifushane kanye nokuqalisa

39. Le mithethonqubo ibizwa ngeMithetho Yesibili Kazwelonke Yezokuthutha Ezihamba Phansi, yezi-2025 futhi izoqala ukusebenza ngosuku eyashicilelwa ngalo kuGazethi.



UMNYANGO WEZOKUTHUTHA

Isigungu Sokulawulwa Kwezinto Zokuthutha Umphakathi kuZwelonke

UMNYANGO WEZOKUTHUTHA EZIHAMBA PHANSI WEZI- 2009, (UMTHETHO 5 WEZI- 2009)

ISICELO SOKUNIKEZWA, SOKUVUSELELWA, SOKUCHIBIYELA, SOKUDLULISELA EGAMENI LOMUNYE NOMA SOKUGUQULWA SELAYISENSI YOKUTHUTHA NOMA IPHEMITHI.

ISIQEPHU A (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

UHLOBO LWESICELO

Lesi sicelo yisecelo se-:

Uhlobo lwesicelo:	Iziqephu eziyimpoqo okufanele zigcwaliswe ngumfakisicelo:
1) Ilayisensi yokuthutha entsha <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	A, B, C, F, G, H, K, L
2) Ukudluliseka egameni lomunye ilayisensi yokuthutha noma iphemithi <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	A, B, C, D, F, G, H, K, L
3) Ukuchitshiyelwa kwelayisensi yokuthutha noma iphemithi:	
a) Igunya elengeziwe <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	
b) Ukuchitshiyelwa komzila noma indawo <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	
c) Ukushintsha kwemininingwane <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	
e) Ukuchitshiyelwa kwamathayimthebula, imithelo noma eminye imibandela <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	
f) Ukushintsha imoto ekhona <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	
g) I-OL yemoto eyenziwe kabusha <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/> <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 20px;" type="checkbox"/> <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 20px;" type="checkbox"/>	
4) Ukuvuselelwa kwelayisensi yokuthutha noma iphemithi <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	A, B, C, D, F, G, H, K, L
5) Ukuguqulwa kwephemithi noma kwelayisensi yokuthutha ibe ngeyesikhathi esinqunyiwe <input style="width: 40px; height: 20px; margin-left: 10px;" type="checkbox"/>	A, B, C, D, F, G, H, K, L

ISIQEPHU B (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

IMINININGWANE YOMFAKISICELO

Igama lenkampani, lebhizinisi lobambiswano noma enye inhlango esemthethweni, noma isibongo uma kungumnikazi oyedwa

Amagama okuqala, uma kungumnikazi oyedwa (hhayi ngaphezulu kuka-3)

IFOMU 1A IKHASI 4

Inombolo yefeksi (uma ikhona) Ikhodi

Ikheli le-imeyili (uma likhona)

Inombolo yokubhalisa yentela yemalingeniso

* Namathise isitifiketi soqobo sokubamsulwa kwezentela/ Iletha Phini yeSimo Sentobelontela yakwa-SARS

* Faka imvume ebhaliwe yomdluliseli

ISIQEPHU F (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

UHLOBO LOMSEBENZI WEZOKUTHUTHA UMPHAKATHI

[Thikha uhlobo lwesevisi: kungase kudingeke ukuthi uthikhe ngaphezu kokukodwa]

Uhlobo lomsebenzi	Umsebenzi webhasi ohleliwe		Umsebenzi wetekisi	
	Umsebenzi wokuthutha abasebenzi		Umsebenzi we- <i>charter</i>	
	Imoto yekhethesi		Umsebenzi we- <i>metered taxi</i>	
	* Sicela unamathisele ikhophi	Umsebenzi wokuthutha abafundi		Umsebenzi we- <i>e-Hailing</i>
	Umsebenzi wokuthutha izivakashi		Eminye imisebenzi	

eqinisekisiwe yesivumelwano phakathi komnini-moto nesikole noma esinye isikhungo semfundo noma incwadi yokugunyaza evela kuthishanhlolo noma isikhulu esiphethe esigunyaziwe.

*Attach certified copies of the professional driving permits of all the drivers to be used for this service.

Olunye uhlobo lomsebenzi (chaza)

Inani labagibeli abazothwalwa

--	--	--

Esimeni sokuthutha kwebanga elide, chaza ukuthi kungani abagibeli bengakwazi

ukusebenzisa imisebenzi yokuthutha ekhona futhi ukhuthaze ukuthi kungani isevisi ehlongozwayo idingeka (imibhalo esekelayo inganamathiselwa).

Esimeni sokuvuselela, sokuchitshiyelwa, sokudluliswa noma sokuguqulwa, ingabe imisebenzi ihlinzekwe ngokuqhubekayo isikhathi esiyizinsuku eziyi-180

YEBO	CHA
------	-----

ngaphambi kosuku lokufaka isicelo?

Uma uthi CHA, nikeza izizathu

* Noma yiziphi

izincomo noma imibhalo esekela lesi sicelo ingananyathiselwa.

IFOMU 1A IKHASI 7

ISIQEPHU K (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

ISIFUNGO

Mina osayine ngezansi (igama eliphelele)
ngiyaqinisekisa ukuthi imininingwane enikezwe kuleli fomu lesicelo iyiqiniso futhi ilungile. Ngiyakwamukela ukuthi uma ulwazi oluhlinzekwe kulesi sicelo lutholakala lungamanga, isicelo sizonqatshwa futhi ngingase ngihoxiswe ekwenzeni isicelo selayisensi yokuthutha esikhathini esizayo.

Isiginesha

Usuku

Igama lomuntu

Igama lenkampani esemthethweni (uma likhona)

ISIQEPHU L (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

IMINININGWANE YEMOTO

Uma kuyisicelo esisha sicela ubonise uhlobo lwemoto/izimoto ohlose ukuzithenga (uma kungekho moto okungeyakho njengamanje):

* Sicela uqaphele ukuthi amalayisense okuthutha anikezwa imoto ngayinye. Ngakho-ke, umfakisicelo kudingeka akhokhe imali yemoto ngayinye esohlwini lwalesi sicelo. Uma izicelo zenzelwe izimoto ezingaphezu kwezintathu (3) sicela unamathisele ikhasi elihlukile eliqukethe imininingwane engezansi:

Inani lezimoto ezizothengwa:

Table with columns: Uhlobo: Inani Ilayisha abantu abangaki. Rows: Imoto, Ibhasi elincane, Ibhasi elikhulu (midibus), Ibhasi, Olunye uhlobo.

Imoto 1:

Inombolo yokubhaliswa yemoto

Inombolo yokwaziwa yemoto number (VIN)

IFOMU 1A IKHASI 8

Uhlobo lwemoto

Unyaka wokukhiqizwa kwemoto

Imekhi yemoto

Inani labagibeli abazothwalwa

Inani lamakhilomitha ahanjiwe Usuyithengile imoto? YEBO CHA

Imoto 2:

Inombolo yokubhaliswa yemoto

Inombolo yokwaziwa yemoto number (VIN)

Uhlobo lwemoto

Unyaka wokukhiqizwa kwemoto

Imekhi yemoto

Inani labagibeli abazothwalwa

Inani lamakhilomitha ahanjiwe Usuyithengile imoto? YEBO CHA

Imoto 3:

Inombolo yokubhaliswa yemoto

Inombolo yokwaziwa yemoto number (VIN)

Uhlobo lwemoto

Unyaka wokukhiqizwa kwemoto

Imekhi yemoto

Inani labagibeli abazothwalwa

Inani lamakhilomitha ahanjiwe Usuyithengile imoto? YEBO CHA

IFOMU 1A IKHASI 10

Ilayisensi yokuthutha 3:

Inombolo yelayisensi yokuthutha

Isebenza kusuka / / kuya / /
Y Y Y Y M M D D Y Y Y Y M M D D

Imininingwane yesicelo efakiwe ku- / / OLAS
Y Y Y Y M M D D

Usuku ehanjiswe ngayo ukuthi / / ishicilelwe
Y Y Y Y M M D D

Usuku olushiwo kuma-PRE / / nakuSiphathimandla Esihlelayo
Y Y Y Y M M D D

*Esimeni samalayisense okuthutha engeziwe, hlinzeka ngemininingwane efanayo eshidini elihlukile ulinamathisele.

OKWEHHOVISI KUPHELA

Usuku okwamukelwe ngalo isicelo / /
Y Y Y Y M M D D

Imininingwane yesicelo efakwe ku- / / OLAS
Y Y Y Y M M D D

Inombolo yereferensi

Inombolo yerisidi

Imali ekhokhiwe R

Usuku ehanjiswe ngayo ukuthi / / ishicilelwe
Y Y Y Y M M D D

Usuku olushiwo kuma-PRE / / nakuSiphathimandla Esihlelayo
Y Y Y Y M M D D

Isebenza kusuka / / kuya / /
Y Y Y Y M M D D Y Y Y Y M M D D

Igama lesikhulu
 / /
Y Y Y Y M M D D

IFOMU 1A IKHASI 11

UHLU LOKUHLOLA		
Ikhophi eqinisekisiwe yokukodwa kulokhu okulandelayo:	Umazisi waseNingizimu Afrika	
	Iphasiphothi	
	Umazisi wesikhashana waseNingizimu Afrika	
	Umazisi wangaphandle	
	Isivumelwano Sobambiswano	
	Izinyathelo ezishicilelwe zebhodi/ Isivumelwano sokusungula	
Isitifiketi soqobo sokubamsulwa kwezentela/ Iphini yeSimo Sentobelontela yakwa-SARS		
Ilayisensi yemoto esemthethweni kanye nokubhaliswa		
Usayine isitatimende sokuthi uzohambisana nemithetho yezabasebenzi maqondana nabashayeli nabanye abasebenzi, kanye nezinqumo zomkhakha woMnyango Wezokuqashwa Nezabasebenzi.		
Amakhophi amalayisense okuthutha noma amaphemithi ezimoto ezithuthayo (uma zikhona).		
Incwadi noma idokhumenti yokuncoma esekela isicelo (uma ikhona).		

IFOMU 1B IKHASI 1

ILOGO YESIFUNDAZWE

***** ISIGUNGU SESIFUNDAZWE

UMTHETHO KAZWELONKE WEZOKUTHUTHA EZIHAMBA PHANSI, WEZI-2009 (UMTHETHO5 WEZI- 2009)

ISICELO SOKUNIKEZWA, SOKUVUSELELWA, SOKUCHIBIYELA, SOKUDLULISELA EGAMENI LOMUNYE NOMA SOKUGUQULWA SELAYISENSI YOKUTHUTHA NOMA IPHEMITHI

ISIQEPHU A (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

UHLOBO LWESICELO

Lesi sicelo yisecelo se:

Uhlobo lwesicelo:		Iziqephu eziyimpoqo okufanele zigcwaliswe ngumfakisicelo:
1) Ilayisensi yokuthutha entsha	<input type="checkbox"/>	A, B, C, F, G, H, K, L
2) Ukudluliselela egameni lomunye ilayisensi yokuthutha noma iphemithi	<input type="checkbox"/>	A, B, C, D, E, F, G, H, K, L A, B, C, D, F, G, H, K, L
3) Ukuchitshiyelwa kwelayisensi yokuthutha noma iphemithi:		
d) Igunya elengeziwe		
e) Ukuchitshiyelwa komzila noma indawo	<input type="checkbox"/>	
f) Ukushintshwa kwemininingwane	<input type="checkbox"/>	
h) Ukuchitshiyelwa kwamathayimuthebula, imithetho eminye imibandela	<input type="checkbox"/>	
i) Ukushintsha imoto ekhona	<input type="checkbox"/>	
j) I-OL yemoto eyenziwe kabusha	<input type="checkbox"/>	
4) Ukuvuselelwa kwelayisensi yokuthutha noma iphemithi	<input type="checkbox"/>	A, B, C, D, F, G, H, K, L
5) Ukuguqulwa kwephemithi noma kwelayisensi yokuthutha ibe ngeyesikhathi esinqunyiwe	<input type="checkbox"/>	A, B, C, D, F, G, H, K, L

ISIQEPHU B (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

IMININGWANE YOMFAKISICELO

Igama lenkampani, lebhizinisi lobambiswano noma enye inhlangothi esemthethweni, noma isibongo uma kungumnikazi oyedwa

<input type="text"/>

Amagama okuqala, uma kungumnikazi oyedwa (hhayi ngaphezulu kuka-3)

<input type="text"/>

Uhlobo lokwaziwa

*Namathisela eqinisekisiwe

ikhophi

Umazisi waseNingizimu Afrika	<input type="text"/>	Umazisi wesikhashana	<input type="text"/>
Iphasiphothi	<input type="text"/>	Umazisi wangaphandle	<input type="text"/>
Isitatimende sokusungula	<input type="text"/>	Isitifiketi senkampani	<input type="text"/>
Incwadi yeGunya	<input type="text"/>	Isivumelwano Sobambiswano	<input type="text"/>

IFOMU 1B IKHASI 2

Inombolo kamazisi/Inombolo yephasiphothi
Inombolo yokubhaliswa kwebhizinisi

Igama lokuhweba (uma likhona)

Uhlobo lwebhizinisi

Ikheli leposi nekhodi

 Ikheli leposi

Ikheli lomgwaqo (uma lihukile ekhelini leposi)
Ikheli lendawo yokuhlala
 Ikheli leposi

Izinombolo zocingo Ikhodi
 Ikhodi

Inombolo yefeksi (uma ikhona) Ikhodi

Ikheli le-imeyili (uma likhona)

Inombolo yokubhalisa yentela [Namathise isitifiketi soqobo kwezentela] yemalingeniso sokubamsulwa

ISIQEPHU C (Siyimpogo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

IMININGWANE YOMUNTU OPHETHE INKAMPANI ESEMTHETHWENI

Esimeni senkampani, ubambiswano, i-close corporation noma enye inkampani esemthethweni, iminingwane yomuntu onesibopho sokuyimela kufanele inikezwe:

Isibongo

Amagama okuqala (angabi ngaphezu kuka-3)

Inombolo kamazisi

Uhlobo lokwaziwa

Umazisi Afrika	waseNingizimu	Iphasiphothi
Okunye (cacisa)		

Inombolo yocingo Ikhodi

Inombolo yeselula

ISIQEPHU D (Siyimpogo ezicelweni 2,3,4 kanye no- 5)

IMININGWANE YELAYISENSI EKHONA YOKUTHUTHA NOMA YEPHEMITHI (esimeni sesicelo sokuvuselela, sokuchitshiyelwa, sokudlulisela egameni lomunye noma sokuguqulwa)

Inombolo yelayisensi yokuthutha/yephemithi

ISIGUNGU SOKULAWULWA KWEZOKUTHUTHA esikhiphe ilayisensi yokuthutha/iphemithi

IFOMU 1B IKHASI 3

Usuku lokukhipha

Y	Y	Y	Y

 /

M	M

 /

D	D

 Usuku ephelwa ngayo isikhathi

Y	Y	Y	Y

 /

M	M

 /

D	D

Namathisela ikhophi eqinisekisiwe yelayisense yokuthutha noma yephemithi. Iphemithi kufanele iqale iguqulwe ibe ilayisense yokuthutha ngaphambi kokuba ivuselelwe, ichtshiyelwe noma idluliselwe egameni lomunye. Iphemithi yoqobo kufanele ilethwe lapho kunyuswa ilayisense yokuthutha

ISIQEPHU E (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

IMININGWANE YOMFAKISICELO

Igama lenkampani, lebhizinisi lobambiswano noma enye inhlango esemthethweni, noma isibongo uma kungumnikazi oyedwa

Amagama okuqala, uma kungumnikazi oyedwa (hhayi ngaphezulu kuka-3)

Uhlobo lokwaziwa	Umazisi waseNingizimu Afrika	Umazisi wesikhashana	
*Namathisela ikhophi eqinisekisiwe	Iphasiphothi	Umazisi wangaphandle	
	Isitatimende sokusungula	Isitifiketi senkampani	
	Izincwadi zeGunya (ithrasti)	Isivumelwano Sobambiswano	

Inombolo kamazisi/ Inombolo yephasiphothi inombolo yokubhaliswa kwebhizinisi

Igama lokuhweba (uma likhona)

Uhlobo lwebhizinisi

Ikheli leposi nekhodi

Ikhodi yeposi									
---------------	--	--	--	--	--	--	--	--	--

Ikheli lomgwaqo (uma lihukile ekhelini leposi) *Ikheli lendawo yokuhlala*

Ikhodi yeposi									
---------------	--	--	--	--	--	--	--	--	--

Izinombolo zocingo

 Ikhodi

Ikhodi

Inombolo yefeksi (uma ikhona)

 Ikhodi

Ikheli le-imeyili (uma likhona)

Inombolo yokubhalisa yentela

 yemalingeniso

* Namathise isitifiketi soqobo sokubamsulwa kwezentela/ Iletha Phini yeSimo Sentobelontela yakwa-SARS

* Faka imvume ebhaliwe yomdluliseli

IFOMU 1B IKHASI 4

ISIQEPHU F (Siyimpoqo kuzo zonke izinhlobo zezicelo)

UHLOBO LOMSEBENZI WEZOKUTHUTHA UMPHAKATHI

[Thikha uhlobo lwesevisi: kungase kudingeke ukuthi uthikhe ngaphezu kokukodwa]

Uhlobo lomsebenzi * Sicela unamathisele ikhophi	Umsebenzi webhasi ohleliwe		Umsebenzi wetekisi	
	Umsebenzi wokuthutha abasebenzi		Umsebenzi we- <i>charter</i>	
	Imoto yekhethesi		Umsebenzi ye-metered taxi	
	Umsebenzi wokuthutha abafundi		Umsebenzi we e-Hailing	
	Umsebenzi wokuthutha izivakashi		Eminye imisebenzi	

eqinisekisiwe yesivumelwano phakathi komnini-moto nesikole noma esinye isikhungo semfundo noma incwadi yokugunyaza evela kuthishanhlolo noma isikhulu esiphethe esigunyaziwe.

*Namathisele amakhophi aqinisekisiwe amaphemithi okushayela (PrDP) abo bonke abashayeli abazokwenza le misebenzi yokuthutha.

Olunye uhlobo lomsebenzi (chaza)

Inani labagibeli abazothwalwa

--	--	--

Esimeni sokuthutha kwebanga elide, chaza ukuthi kungani abagibeli bengakwazi

ukusebenzisa imisebenzi yokuthutha ekhona futhi ukhuthaze ukuthi kungani isevisi ehlongozwayo idingeka (imibhalo esekelayo inganamathiselwa).

Esimeni sokuvuselela, sokuchitshiyelwa, sokudluliswa noma sokuguqulwa, ingabe imisebenzi ihlinzekwe ngokuqhubekayo isikhathi esiyizinsuku eziyi-180

YEBO

CHA

ngaphambi kosuku

lokufaka isicelo?

Uma uthi CHA, nikeza izizathu

* Noma yiziphi izincomo noma imibhalo esekela lesi sicelo ingananyathiselwa.

Usayine isitatimende sokuthi uzohambisana nemithetho yezabasebenzi maqondana nabashayeli nabanye abasebenzi, kanye nezinqumo zomkhakha woMnyango Wezokuqashwa Nezabasebenzi.	
Amakhophi amalayisense okuthutha noma amaphemithi ezimoto ezithuthayo (uma zikhona).	
Incwadi noma idokhumenti yokuncoma esekela isicelo (uma ikhona).	

IFOMU 9A IKHASI 1



**ISIGUNGU SOKULAWULWA KWEZINTO ZOKUTHUTHA UMPHAKATHI KUZWELONKE
UMNYANGO WEZOKUTHUTHA EZIHAMBA PHANSI WEZI- 2009, (UMTHETHO 5 WEZI- 2009)**

ISICELO SOKUBHALISA NOMA SOKUVUSELELA KOMHLINZEKI WENKUNDLA YE-E-HAILING

Sicela uthikhe ibhokisi elifanele:

Isicelo sokubhalisa Isicelo sokuchibiyela imibandela yokubhalisa
 Isicelo sokuvuselela ukubhalisa

ISIQEPHU A

ISICELO SOKUBHALISA NOMA SOKUVUSELELA KOMHLINZEKI WENKUNDLA YE-E-HAILING **

Igama lenkampani,
 lebhizinisi

lobambiswano noma enye inhlangothi esemthethweni, noma isibongo uma kungumnikazi oyedwa

Amagama okuqala, uma kungumnikazi oyedwa (hhayi ngaphezulu kuka-3)

Uhlobo lokwaziwa *(Namathisela ikhophi eqinisekisiwe)	Umazisi waseNingizimu Afrika	Umazisi wesikhashana	
	Iphasiphothi	Umazisi wangaphandle	
	Isitatimende sokusungula	Isitifiketi senkampani	
	Izincwadi zeGunya (ithrasti)	Isivumelwano Sobambiswano	

Inombolo kamazisi/ Inombolo yephasiphothi inombolo yokubhaliswa kwebhizinisi

Igama lokuhweba (uma likhona)

Uhlobo lwebhizinisi

Ikheli leposi nekhodi

 Ikhodi yeposi

